

Abantu baseNingizimu Afrika bahlohlolozelwa ngokudla okuyingozi okulahlwe zigidi-gidi zabanye abantu kumazwe omhlaba

INingizimu Afrika yilona kuphela izwe elitshala umbila we-genetically modified (GM), kanti futhi yilona kuphela izwe kumazwe omhlaba elivumela abantu ukuthi badle ukudla okuvamile abaphila ngakho kwe-GM.

Umbila ongenayo i-GM awutholakali eNingizimu Afrika ngoba wonke umbila otshalwa lapha ngowe-GM noma uchashazelwe yi-GM.

Kanti ngakolunye uhlangothi, izigidi-gidi zabantu bamazwe omhlaba okubandakanya nezinye izingxenye ze-Afrika - ngabantu abala ukudla kwe-GM. EYuropha, cishe amazwe ayisithupha (6) ayakuvimbela ukutshalwa kombila we-GM*.

Abantu baseNingizimu Afrika abakwazi ukuzikhethela - Imikhiqizo ye-GMOs ingcolise ukudla kwethu esiphila ngakho

Ama-test enziwe ngamalabhorethri azimele egameni lenhlangano ye-African Centre for Biosafety (ACB) athole ukuthi onke ama-brand ombila athengiswa ezimakethe zethu anamazinga aphezulu ombila we-GM.

Umthetho wokuvikela abathengi we-Consumer Protection Act udinga ukuthi abakhiqizi bokudla bafakele amalebuli akhombisa kahle ukudla kwe-GM ukuze abathengi babenolwazi oluyilo kanye nokwazi ukuzikhethela. Kodwa lokhu akwenzeki.

Kanti futhi ukufakela amalebuli ngeke kwanika abantu baseNingizimu Afrika ithuba lokuthi bakwazi ukuzikhethela kahle; ngoba umbila otholokalayo ezimakethe ngowe-GM. Lokhu yinqubo yendlovu kayiphikiswa! Kumele kube nombila ongenayo i-GM ukuze abantu bakwazi ukusebenzisa ilungelo labo ledimokhrasi lokuzikhethela abafuna ukukudla.



www.acbio.org.za
Tel +27 (0)11 486 1156


Sinelungelo lokuthola ukudla okuphephile!

IPHALISHI LE-GENETICALLY MODIFIED: ABANTU BASENINGIZIMU AFRIKA ABAKWAZI UKUZIKHETHELA

Umbila waseNingizimu Afrika ugcwele i-GM

Iningi labantu baseNingizimu Afrika abadli nje kuphela iGM ngaphandle kolwazi lwabo noma ukuzivumela bona, kodwa abanakho okunye ukudla nakancane.

- uMariam Mayet, u-Director we-African Centre for Biosafety



* Umbila waseMonsanto, MON810